**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**
**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWESIBILI**
**IZINGA ELIPHEZULU**
**(Iphepha Lokuqala)**

**ISIKHATHI: 2 Amahora**

**IMIKLOMELO: 80**

**IMIYALO:**

- Leli phepha linezigaba ezintathu A, B no-C.
- Phendula yonke imibuzo.
- Izimpendulo mazihambisane nemibuzo zingaxovwa.
- Ukubhala ngobunono kuyaziswa kakhulu.

## ISIGABA A

1.1 Funda indaba elandelayo bese uphendula imibuzo.

### UMBUZO 1
### INDLALA YOMSEBENZI

Indlala ibhokile lapha kwaMasuku. Isimo somnotho sibi, nezingane zihlubule, lutho ukutholakala amotoho. Inkosikazi kaMasuku ifuna idedelwe nayo iyofuna amatoho edolobheni. UMasuku ushaya phansi ngonyawo uthi: "Ngeke kwenzeke lokho ufuna ngihlekwe ngabantu bethi angindoda yalutho ngondliwa ngumfazi".

"Kakusizi ukuphika nabantu sibe sibulawa yindlala. Kunani kanti uma wondliwa ngumfazi. Kuyefana nokuthi wondliwa yimina ngoba ukudla esikudlayo nemali yerenti siyithola ezihlotsheni zami. Futhi ngikhathele mina yinyama yokwebiwa. Amaphoyisa aphuma engena efuna izimvu nezinkukhu ezebiwe kade ngithi hlukana nobusela Masuku."

UMasuku athembise umkakhe ukuthi uzowuthola kusasa umsebenzi. Kunensizwa okuthiwa nguMthembu ongumabhalane omkhulu umthembise ukuthi uzoqala kusasa. Okufuneka akwenze wukumgwazela ngamakhulu amahlanu amarandi. "Pho uzowathathaphi amakhulu amahlanu amarandi njengoba uyisihlupheki nje? Kubuza inkosikazi kaMasuku. "Ngizothatha yona lena obuya ukuyiboleka yerenti, le nsizwa ithe nakanjani ngizoqala kusasa", kuphendula uMasuku. Nanguya elibhaduza eqonde efemini. Uma ethi qhamu esangweni ahlangabezane nabantu abaningi abazofesa. Abaningi bayabonakala ukuthi balambile kungcono yena ngoba usezosebenza okufanele akwenze ukuqonda ehhovisi likamabhalane uMthembu. Aqonde ephoyiseni uMasuku abuze iphoyisa, "Skhulu sami ngicela ihhovisi likaMthembu. Liphendule iphoyisa, "Akekho uMthembu lapha efemini nawe umgwazele lowo Mthembu ongaziwa useqede inqwaba yabantu. Kukhona abanale nkinga yakho lapha esangweni."

Kwaxega amadolo kuMasuku wathi voshosho phansi. Kuthe lapho esuka wema esangweni nabantu abazofesa. Uma kuqhamuka umlungu abantu babevumbuka besukuma kanye kanye yilowo nalowo ezibika abanye bathi. "Mina phasile lo standard siks". Abanye babethi, "Mina angikhethile nginamandla". (umntanomlungu uma efika afune igarden boy.) Kugcine yona indoda yomuzi ngoba ungekho umsebenzi.

Seliyashona ilanga imibuzo iyaphithana ekhanda kuMasuku, uhlushwa ukuthi uzofika athini kumkakhe, zona izingane zizodlani, imali yerenti yona? Bathi uma bephuma abantu emsebenzini nabo babe mdibi munye nabantu ababuya emsebenzini ibe inhliziyo ithi uzofike athini kunkosikazi. Lapho kuthi makazisakaze phansi umfazi, yena usebona isinikiniki sendoda esehlulwa ukuthola umsebenzi amanye amadoda esebenza. Ubona ivila lendoda eliquba endleleni libuye ntambama lizothi aliqashwanga. Nezingane zibona indoda nje engujikanelanga, umajabula kuphakwa. Usecabanga nokuzibulala uMasuku waze waba yisigqila sotshwala.

Phendula imibuzo elandelayo:

1.1.1 Kulo muzi kaMasuku njengoba kungasebenzi muntu ukudla abakudlayo bakuthathaphi? (2)

1.1.2 UMasuku nomkakhe babebangani? (1)

1.1.3 Wayithathaphi imali yokugwazela uMasuku ngenkathi ethenjiswe umsebenzi? (1)

Khetha impendulo okuyiyonayona kule mibuzo elandelayo:

1.1.4 Ngokuzwa kwakho indaba, wawenziwa yini umlomo kaMasuku ukuthi uqhaqhazele?

A. yindlala.
B. wukuthukuthela.
C. wuvalo. (1)

1.1.5 Okuyikhona okwenza uMasuku adabukele abafesile yikuyiphi kulokhu:

A. babhalwe usizi ebusweni.
B. yena usewutholile umsebenzi.
C. kade bafikile lapha. (1)

1.1.6 Nanguya elubhada eqonde efemini, ukulubhada kusho:

A. ukuhamba ngamatekisi.
B. ukugijima.
C. ukuhamba ngezinyawo. (1)

1.1.7 Sizathu sini esenza kuxege amadolo kuMasuku athi voshosho phansi? (1)

1.1.8 Shono izinto ezintathu ezimqoka ezahlupha uMasuku ngenkathi ethola ukuthi uMthembu akaziwa efemini yezinsimbi? (3)

1.1.9 Ngokubona kwakho emva kokufunda indaba umkakhe wayemhlonipha yini uMasuku? (1)

1.1.10 Bhala amazwi asendatshaneni engenhla afakazela loku okusho ngenhla ku-1.1.9. (2)

1.1.11 Yiliphi elinye igama elisetshenziswe endabeni elisho ukufuna umsebenzi? (1)

1.1.12 Ngonjani umuntu okuthiwa:

A. uyisinikiniki? (2)
B. ungujikanelanga? (2)

1.1.13 Bhala amazwi asetshenziswe endabeni akhomba ukuthi uMasuku wayeyisela. (2)


1.1.14 Phendula ngo-Yebo noma Cha.


A. UMasuku waqashwa uMthembu ngoba emgwazele.
B. Izingane zikaMasuku zazihlubule.
C. UMasuku wayengabuthinti utshwala.
D. UMasuku wayedla izambane likapondo. (4)

**[25]**


1.2 Funda le ngxoxo ephakathi kukaSihle noZinhle bese uphendula imibuzo elandelayo.






Emva kweminyaka emibili uSihle useqede isikole, uzobona uZinhle umthola enezingane ezimbili engundindasithebeni nje.




PHENDULA IMIBUZO ELANDELAYO

1.2.1 UZinhle wayeyintombazana eziphethe kanjani? (2)
1.2.2 Sizathu sini esenza uZinhle angaqomi uSihle? (1)
1.2.3 Sifundo sini osithola kule ndaba? (2)
1.2.4 USihle wayethanda uZinhle ngokweqiniso. Bhala amazwi afakazela lokho kule nkulumo yabo. (1)
1.2.5 Yini lena ayeyithanda uZinhle kubraBiza? (1)
1.2.6 UZinhle wagcina engenalo ikusasa elihle. Yikuphi okufakazela lokho endabeni? (1)
1.2.7 USihle yena ungamchaza njengomuntu onjani? (2)

**IMIKLOMELO YESIGABA A: [35]**

## ISIGABA B

### UMBUZO 2
### UKUFINGQA

2.1 Funda lesi siqeshana esilandelayo bese ufingqa ngamaphuzu amahlanu.

UKUXABANA NOKUNGAZWISISANI

Ukungazwisisani nokuxabana kudala imiphumela emibi ezimpilweni zabantu. Imbangela yokungazwisisani nokuxabana ukuxhumana ngendlela engafanele. Kuningi ukuxabana okuba khona ezimpilweni zabantu. Kukhona ukuxabana komndeni ekhaya. Indoda exabana njalo nomkayo, nenkosikazi exabana njalo nomyeni wayo, kokunye baze babambane ngezandla bavame ukuqhathwa ukungezwani, ukungahloniphani, ukungalalelani nokungabekezelelani.

Okunye okudala ingxabano enkulu emindenini eminingi utshwala. Kwesinye isikhathi uthola umnumzane womuzi ezibhuxa otshwaleni abuye ebusuku abhaxabule izingane noma inkosikazi. Ikhaya elinjalo alibi nokuthula nenhlalo enhle kuhlala kunengxabano nokungazwisisani, izingane zigcina zingasahloniphi uyise. Uma ubaba ezama ukubakhuza kwezinye izinto zigcina zingamahlongandlebe. Obaba abavame ukwenzenjalo abafuni ukwehla baxolise bavume ukuthi iphutha balenzile. Kwesinye isikhathi uthola kungumama ophuza utshwala enganakekeli izingane uma ubaba emnika imali yesondlo ayibhuxuze otshwaleni kodwa akuvamile loko kubantu besifazane. Ikhaya elinempilo nothando lihlala lifudumele.

Okunye ukungazwisisani nokuxabana okuphakathi kwabangani ngoba kukhona ongafuni ukulalela omunye. Kwesinye isikhathi umngani uba nomona bese lokho kudala ingxabano. Ukungezwisisani akwenzeki nje kuphela uma kukhulunywa umlomo nomlomo. Kuyenzeka nalapho kuxhunyanwa ngokulotshwe phansi, okukhulunywa emoyeni okungaba semsakazweni, kumabonakude noma ocingweni. Lapha isiphetho noma umphumela wokungezwisisi kuba ukuhlanekezeleka kombiko. Akulungile ukubhalelana incwadi ngoba ukukhuluma umlomo nomlomo kungayifeza kangcono inhloso yokuxhumana umuntu azwisise lokho atshelwa khona.

Ukungazwisisani kukhona kuyo yonke indawo kukhona ngisho nasemapalamende kwezombusazwe. Kwesinye isikhathi lokho bakwenza ngabomu ngoba bakhuluma ulimi oludidayo ukuze abalaleleyo bangazwisisi baxabane bodwa nabo bagcine baxabane bodwa.

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [10]**

## ISIGABA C

## UMBUZO 3

3.1 Bheka isithombe onikwe sona uqaphele isenzo esenzekayo bese ubhala imisho eyisithupha ngezimpambosi onikwe zona ngesenzo esisesithombeni.



3.1.1 Impambosi yokwenzela.
3.1.2 Impambosi yokwenzana.
3.1.3 Impambosi yokwenzisa.
3.1.4 Impambosi yokwenziwa.
3.1.5 Impambosi yokwenzeka.
3.1.6 Impambosi yokwenzisisa. (6)

3.2 Bhekisisa izithombe onikwe zona bese ukhetha esihambelana nomsindo owunikiwe usiqondanise nawo.

kikilikigi, qhu, bani, khilikithi, muklu.

3.2.1



3.2.2



3.2.4



3.2.5



3.2.3



(5)

3.3 Yakha imisho ibe mihlanu eyahlukene ngezenzukuthi eziku-3.2. (5)

3.4 Funda le ndatshana onikwe yona utomule izijobelelo emagameni adwetshelwe bese usho ukuthi leso naleso sisho ukuthini yisikhuliso, isinciphiso noma sichaza ubulili.

> Abantu ngisho nogogo imbala bafihla imali ukuze badle kahle uKhisimusi. USithole waya ebhange eyokhipha imadlana yakhe, kanti ayambona amasela. Wahamba ibangana wahlangana nentokazi enhle ikhuluma ngezwana eliphansi.
> Yambingelela yathi, "kuyala ukuthi ngingakutsheli lokho engikucabangayo. Nginesiphiwo sokubona into ingakenzeki, imali inomkhokha omubi. Uma unemali yilethe lapha kimi ngikugcobele yona ngamafutha ukuze ingashabalali. Khipha yonke imali onayo, ucimeze ungaze ube neshwa. Wafaka amaphepha emvilophini wayivala wamnika wathi ayivule ekhaya.
> USithole wagibela isitimela eqonde ekhaya. Kuthe lapho ebona izintabakazi wabona ukuthi usefikile ekhaya. Kwajabula wonke umuntu. Uthe lapho evula imvilophu wakhangwa amaphepha. Wakhala zoma umfo kaSithole, kwaba buhlungu lokho emndenini wakhe badla uKhisimusi kabuhlungu.

(5)

3.5 Tomula okulandelayo endatshaneni engenhla ukubhale phansi.

3.5.1 Izenzo ezimbili ezinesivumelwano sikamenziwa sesigaba 1 usidwebele phansi. (2)
3.5.2 Isiphawulo sesigaba 3. (1)
3.5.3 Isenzo esimumethe isakhi sokuphikisa. (1)
3.5.4 Ibizo elisesigabeni 1a. (1)

3.6 Funda lesi siqeshana bese ulungisa amagama akubakaki ukuze avumelane nemisho.

3.6.1 (Phila) yanamuhla inzima kakhulu ngoba (phumelela) isezandleni zakho. Empilweni kufuneka ube (funda) ethuthukile. Izingane zanamuhla aziyiboni (hlupheka) ezayo. Kufuneka umuntu ozoba (khuluma) eqatha ababonise indlela. (5)

3.7 Guqula umusho olandelayo ube sebuningini.

UThisha ushaya ingane ngoba yonile. (4)

**IMIKLOMELO YESIGABA C : [35]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE 80**

**ISIPHETHO**